

IBALAZWE LENQUBO YELAYISENSE YOKUVUKUZA

ININGIZIMU AFRIKA

ILAYISENSE

Imvumo Yokuvukuza

UHLOBO LWENGCEBO

Yonke Ingcobo Embiwayo

UBUNGAKO

Okokuziphilisa

ABATHINTEKAYO



Umfakiscicelo (Umvukuzi)



UMnyango Wezengcebo Embiwayo Nezamandla



Umpathi Wesifunda (woMnyango Wezengcebo Embiwayo Nezamandla)



IKomidi Lezokuthuthukisa Ezokuvukuza Nezemvelo



Ihhovisi Lezokubhaliswa Kwamatayitela Ezinsiza Ezimbiwayo Nophethilomu

Inqubo yokufaka isicelo yezimvumo zokuvukuza ivumela umnikazi wemvumo ukuthi enze imisebenzi yokuvukuzela ukuziphilisa ngazo zonke izinhlobo zengcebo embiwayo.

Ngaphansi komthetho waseNingizimu Afrika, zonke izinsiza zikaphethilomu ziyifa elihlanganyelwe labo bonke abantu baseNingizimu Afrika futhi uHulumeni unomsebenzi wokuzinakekela ukuze kuzuze zonke izakhamizi zaseNingizimu Afrika.

UMthetho Wezokuthuthukiswa Kwengcebo Embiwayo Nophethilomu (i-MPRDA) umisa uhlobo lokulawulwa kwengcebo embiwayo.

Ukutholakala nokusetshenziswa umhlaba maqondana nengcebo embiwayo noma uphethilomu kudinga ukuthi kulinganiswe amalungelo omthetho nezintshisekelo asetshenziswa ababambiqhaza abasemqoka ukuze kubonakale ukuthi ingabe kungavukuzwa na endaweni enabantu, yenkosi noma yomuntu othile. UMnyango Wezengcebo Embiwayo Nezamandla, yiHhovisi likaNgqongqoshe Wezengcebo Embiwayo Nezamandla, unomsebenzi wokukhipha izimvumo zokuvukuza.

Imithetho esemqoka eqondene nokukhishwa kwezimvumo zokuvukuza yi-

MPRDA, i-Broad-Based Socio-Economic Empowerment Charter (uSomqulu Wezokuvukuza), kanye noMthetho Wezokuphathwa Kwezemvelo Kuzwelonke (i-NEMA).

Izimvumo zokuvukuza zingagunyazwa uma ingcebo embiwayo ingambiwa ngokuqikelela esikhathini seminyaka emibili. Imvumo isebenza ngesikhathi esibalwe kuyo imvumo, esingeke selulelwe isikhathi esingaphezu kweminyaka emibili, futhi engavuselwa amahlandla amathathu, okuyisikhathi esingeke sikwazi ukudlula onyakeni owodwa.

UKUVUKUZA

IZINYATHELO

ABATHINTEKAYO

1 UKUFAKA ISICELO

Umfakiscicelo uthumela isicelo semvumo yokuvukuza ngohlelo lwe-inthanethi olubizwa ngokuthi i-SAMRAD (i-South African Mineral Resources Administration System). NgokoMthetho Wezokuthuthukiswa Kwengcebo Embiwayo Nophethilomu (i-MPRDA), umfakiscicelo kumele athumele isicelo sokugunyazwa kwezemvelo ngokuhambisana nesicelo semvumo nge-inthanethi.



1.1 Umfakiscicelo kumele akhokhe imali yokufaka isicelo engenakubuyiswa, ihambisane nesicelo.

1.2 **EZINSUKWINI EZIYI 14** **UKWAMUKELA** Isicelo sinakho konke okudingekayo uma kufakwe yonke imibhalo edingekayo, futhi engekho omunye umuntu onemvumo. Umpathi Wesifunda (umsebenzi woMnyango Wezengcebo Embiwayo Nezamandla) wazisa umfakiscicelo ngokubhaliwe ezinsukwini eziyi-14 ukuqinisekisa ukuthi isicelo samukeliwe ukuze sicutshungulwe.



1.3 **UKUCHITHA** Uma umfakiscicelo engayinikwanga yonke imibhalo edingekayo, isicelo sizochithwa. Umpathi Wesifunda kumele azise umfakiscicelo ngokubhaliwe ezinsukwini eziyi-14 ethole isicelo.

1.4 **EZINSUKWINI EZIYI 14** Umpathi Wesifunda kumele azise umfakiscicelo ngokubhaliwe ezinsukwini eziyi-14 kwamukelwe isicelo ukuthi azise umnikazi womhlaba, abantu abahlala kuwo noma abantu Abanentshisekelo Nabathintekayo; bese athumele uhlelo lokuphathwa kwezemvelo.



IBALAZWE LENQUBO YELAYISENSE YOKUVUKUZA

ININGIZIMU AFRIKA

2 UKUBONISANA NOMPHEKATHI

UMphathi Wesifunda ukhipha Isaziso seSigaba 10 se-MPRDA, esidinga ukuthi uMphathi Wesifunda azise abantu abanentshisekelo nabathintekayo ngesicelo esihlongozwayo ukuze kutholakale iziphikiso zabo.



2.1 EZINSUKWINI EZIYI 30 Umfakisicelo kumele abhale isaziso futhi abonisane nomnikazi womhlaba, umuntu okulowo mhlaba ngokusemthethweni kanye nabanye abantu abathintekayo, bese athumele umphumela walokho kubonisana kuMphathi Wesifunda ezinsukwini ezingama-30 kusukela ngosuku lweSaziso seSigaba 10.



2.2 Umfakisicelo kudingeka athumele imibiko yezemvelo, ihambisana nokungenhla, kuMphathi Wesifunda.

2.3 UKUPHIKISA Uma kwenzeka kuba nesiphikiso seSaziso seSigaba 10, isiphikiso sithunyelwa eKomidini Lesifunda Lezokuvukuza Nezentuthuko (i-RMDEC) ukuze sicutshungulwe.



2.3.1 UKUCHITHA Uma i-RMDEC ichitha isicelo, umfakisicelo angaphinda athumele izinhlelo ezichitshiyelwe kwi-RMDEC. Umfakisicelo uvumeleke ukuphinda athumele isicelo uma esinye abesithumele sichithiwe.

2.3.2 UKWAMUKELA I-RMDEC yamukela isicelo bese iqhubekela esigabeni esilandelayo.

3 UKUHLOLA

UMphathi Wesifunda kumele aqinisekise ukuthi ulandela Isigaba 27 se-MPRDA bese uthumele isicelo kuNgqongqoshe Wezengcebo Embiwayo Nezamandla ukuze sicutshungulwe. Isigaba 27 simisa okudingekayo kwesicelo, okubandakanya ukukhishwa nesikhathi semvumo yokuvukuza.



3.1 UMphathi Wesifunda udlulisela isicelo kuNgqongqoshe Wezengcebo Embiwayo Nezamandla ukuze sicutshungulwe.

4 UKUGUNYAZWA KWELAYISENSE

EZINSUKWINI EZIYI 60

UNgqongqoshe ugunyaza noma achithe isicelo ezinsukwini ezingama-60 kwatholakale isicelo sivela kuMphathi Wesifunda.



4.1 EZINSUKWINI EZIYI 60 Uma siphumelele, umfakisicelo kumele athumele imvumo yokuvukuza ukuze ibhaliswe eHhovisi Lezokubhaliswa Kwamatayitela Ezengcebo Embiwayo Nophethilomu ezinsukwini ezingama-60 emuva kokukhishwa kwemvumo. Lesi sinqumo sifakwa kuhlelo olubizwa nge-Cadastre System.



5 IMISEBENZI YOKUMBA INGAQALA

